(CIB pdf formfields Demoversion)

umuntu ngumuntu ngabantu
uGenesisi 2

Kwakungakamili lutho lapha phandle; kungekho ngisho natshani nasihlahlanyana. Ingani phela uSmakade wayengakayinisi imvula! Kwakungakabikho namuntu owayengalima, ahlakule.

Yinkungu-nje kuphela eyayithwele umsokama, iqhamuka phansi emhlabathini.

USmakade, iNkosi, wayesethatha uthuli, esebumba ngalo umuntu, emphefumulela ekhaleni ngomoya wokuphila. Philiyane!

Usehlela-ke, akha, elungisa ingadi uSmakade uNkulunkulu ngasempumalanga kwelase-Ideni; wabeka khona-ke lo muntu ambumbileyo.

UNkulunkulu uSmakade useveza emhlabathini yonke inhlobo yesihlahla – ezinhle futhi ezithelayo. Phakathi nengadi usebeka ezimbili, ezithelayo: kulesi yizithelo zempilo, kulesiya ngezokwazi okuhle nokubi.

Kugeleza umhoshana lapha e-Ideni, okuyiwona unisela le ngadi. Lapha-ke ufike wehlukane kane.

Owodwa kule mihosha emine kuthiwa yiPhishoni. Ugeleza, uthubeleze kulo lonke elaseHavila, elinomnotho wegolide.

Lihle igolide lalelo zwe. Kanti ke futhi khona kutholakala nenhlaka yakwanokusho yebhedolaka kanye netshe legugu, itshe seshohamu.

Omunye-ke kule mihosha emine kuthiwa yiGishoni. Wona-ke ugeleza uthubeleze kulo lonke elaseKhushi. Owesithathu, iThigrisi, ugeleza empumalanga kwase-Asirya. Owesine yi-Efratha.

USmakade uNkulunkulu usemletha lapha-ke umuntu ukuze aphathe anakekele le ngadi yase-Ideni; ayikhuthalele, ayivikele.

Wathi-ke uSmakade uNkulunkulu: “Ungavuna, uzidlele ngokubona kuzo zonke izihlahla kule ngadi. Kodwa ke izithelo zokwazi okuhle nokubi ungazilokhothi! Okungenjalo, sikuyoba ùkufa kwakho ke lokho; ngiyakutshela!”

Usethi-ke uNkulunkulu uSmakade: “Akukuhle ukuthi umuntu angabi nabani. Ngizomakhela omunye oyomfanela, asizane naye.”

UNkulunkulu uSmakade usebumba ngodongwe izilwane nemfuyo nezinyoni, wazithumela emntwini ukuze azibone, asho futhi ukuthi zizobizwa zithiweni. Seziyobizwa kanjalo-ke njengoba umuntu azethile.

Wazilawula-ke umuntu izilwane nezinyoni, wazetha amabizo azo zonkana. Akutholakalanga nasinye nokho ezilwaneni zonkana esasingamfanela nayengasizana naso.

(CIB pdf formfields Demoversion)

USmakade uNkulunkulu wamozelisa, wajunywa ngobukhulu ubuthongo umuntu lowo; wayesemcuya ubambo, esevalisisa kahle futhi lapho elukhiphé khona.

Usakha-ke owesifazane ngalolu bambo; esemletha kulo muntu. Uthi-ke umuntu kulokho: “Wangifuza akangishiya! Ngumkami-ke lo; nesakhiwo sakhe sisuka kwesami!”

Yingakho-ke kuké kuthi umuntu adele uyise nonina, ayoziphilela nowakwakhe. Kuze kube sengathi sebenyama nye!

Banqunu belu (sonke isikhathi lesi) – lomuntu nowakwakhe – futhi abazinyezi ngalokho.

iviyo lezikhuthali
obanjiswaneni lokuhumusha nokubhala kabusha ibhaybheli ngesiZulu
- biblia zuluensis -